**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUPHENDULWA KWESOYI LEBHULOHO I-BUFFALO EDANHAUSER MHLAKA 13 OCTOBER 2011.**

Mphathi wohlelo;
Inkosi yaseMalangeni;
Amakhosi wonke akhona;
AmaLungu esiShayamthetho;
IMeya yoMkhandlu uKhansela Phakathi;
AmaKhansela;
IziNduna;
Izisebenzi zoMnyango ziholwa iNhloko yoMnyango uMnuz Chris Hlabisa;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;
Imboni yezokuthutha umphakathi;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Siyabonga ukuthi sesiphinde sathola leli thuba lokuzokuhlangana nomphakathi wase-Danhauser sizokuthi halala ngentuthuko abantu balapha abangasayizwa ngendaba kodwa asebeyibona ngamehlo.

Ngithi sesiphindile futhi ngoba phela besilapha nango-May kulo nyaka sizozibophezela ngokufaka itiyela emgwaqeni u-P296. Namhlanje-ke sesizoqinisekisa esihlale sikusho ukuthi uma sesifikile endaweni sisuke singasahlehleli emuva.

Kodwa engifisa ukuqala ngikubeke lapha yilezi zinto ezisikhathazayo kakhulu singuHulumeni oholwa nguMongameli uMsholozi kuzwelonke noNdunankulu uKhabazela lapha esifundazweni.

Sikhathezekile kakhulu ngokuthi ngemuva kokuthola inkululeko eyalwelwa kanzima kangaka, kodwa abantu bakithi abasakwazi ukudla izithelo zomzabalazo ngenxa yezinto ezintathu nje, okuyizingozi zomgwaqo, ubugebengu nengculazi okuyizinto ezibhuqa isizwe nsuku zonke.

Abantu bafa ngendlela ethi ayifane nesikhathi sobandlululo lapho abamhlophe babesiqhatha sodwa, omnyama ebulala omnyama, sibone amabhokisi eklelile, ngenxa yokuthi abantu babanga ithambo elingenanyama.  Noma isikhona le nkululeko esayijulukela kanzima kanje ngaphansi kwezimo ezibucayi, sayifela, sayilimalela, sayiyela emajele, kodwa sisaqhubeka nokungcwaba abantu njengoba sasenza ngezikhathi zobandlululo.

Sisaqhubeka nokubona ujenga lwamabhokisi ngenxa yezingozi zomgwaqo.  Namhlanje abantu sebebulawa izimoto – babulawa abashayeli ababudedengu, abangafuni noma abangafundiswanga ukugcina imithetho yomgwaqo.

Akuhambi kahle ezweni uma kuzofa abantu abangaphezulu kuka-1 000 esifundazweni esisodwa sakwaZulu-Natal ezinyangeni ezimbili nje vo.  Isifundazwe sethu sinesibalo esikhulu kakhulu kubantu abafayo kulelizwe.  Ngonyaka kufa abantu ababalelwa ku-14 000 kulelizwe.  Njalo ngosuku abantu ababalelwa ku 40 bayadlula emhlabeni ngenxa yamaphutha amabomu kulelizwe.

EMgungundlovu besingcwaba abantu abangu 15 abafe engozini yetekisi elilayisha abantu abangu-14 kodwa phakathi kulona bekunabantu abangu-19, lashayana mahlanze neloli layihlafaza ikhumbi nabantu phakathi laze lama phezu kwayo ngenxa yobudedengu bomshayeli ongawugcinanga umthetho womgwaqo, weqa ulayini ongeqiwa, u-barrier line, ngakho belu ukungayihloniphi imithetho yomgwaqo.

Kuyasicacela ukuthi abashayeli bayinkinga, abafuni ukuyigcina imithetho yomgwaqo, yingakho siwuHulumeni sisemkhankasweni wokudedela isiswebhu kubona, baboshwe. Owesibili manje umshayeli kwaZulu-Natal osetholakale esecaleni lokubulala abantu ngenhloso.  Sesiphelile isikhathi sokuba uma wenze iphutha emgaqweni wabulala abantu kuthiwe ubulale ngokungenhloso, phecelezi, i-culpable homicide ngoba ukubulala abantu ngenxa yokudelela noma ukubukela phansi imithetho yomgwaqo..

Kukhona ongasezukuba naBaba, naMama, naBhuti, naSisi, naSihlobo esinosizo, ngenxa yobudedengu bakho.  Kujezele-ke nawe lokho, futhi isijezo asilingane nomonakalo owenzile, kumele ungaxolelwa ngoba uzophinde futhi ukwenzo loko uma uxolelwa – awuzusithola sifundo sokuthi ukushayela ngesivinini kuyabulala, ukushayela uphuzile kuyabulala, ukungayilandeli imithetho yomgwaqo kuyabulala.

Njengoba silapha nje, lo mcimbi uyingxenye yezinhlelo esiziqala njalo ngenyanga ka-October lapho sibheka ukwakhiwa kwengqalasizinda kodwa bese sigxila kakhulu nakwezokuphepha emgwaqeni nasebugebengwini nje bonke.

Angithi phela njengoba sekuyilesikhathi sonyaka esibheke kuKhisimusi, siyazi ukuthi lezi zinto engizibalile zithanda ukuhlupha kakhulu. Abantu sebezokwenza imicimbi yenjabulo bahambe bayochitha amaholide ezindaweni ezikude, bese kubakhona ukungaziphathi kahle emgwaqeni okudala izingozi.

Nangakolunye uhlangothi izinswelaboya ziyaviva zilungiselela ukugcweleza abantu abazobe bethola izimali mhlambe ezitokfeleni noma amabhonasi. Angisayiphathi-ke eyentsha ikakhulukazi ezobe ihamba ibhayiza idla notshwala bese ihambe ibhabhabala ivuke negculazi noma ingene emgaqweni ishayela isidlile, ishayele ngesivinini eseqile ngoba isidakwe utshwala.

Sithi-ke nalapha njengoba sifikile sizonxenxa nina mphakathi ukuba nibambisane nathi ukuze silwe nalezi zinto ezibuyisela isizwe sethu emuva. Akungathi uma ingqalasizinda isilungisiwe bese abashayeli bekhuphula ijubane kufe abantu emgaqweni.
Izinto okumele sigxile kuzona manje ngukuthi sizithuthukisa kanjani kwezomnotho njengoba sesayizuza inkululeko yezepolitiki.

Masibambisane sonke ekuguqulеni isifundazwe sethu lapha KwaZulu-Natal singalokhu saba ngesihamba phambili ezweni uma kukhishwa izibalo zezingozi zomgwaqo, ezobugebengu nezengculazi.

Namhlanje uMnyango wezokuThutha egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal uzozibophezela ukuthi umphakathi owakhele iNkosi yaseMalangeni usuzokuba nebhriji lezimoto eliwela umfula i-Buffalo elizokwenza kube lula ukuhamba emphakathini ohlala ngenhla uma uya ngenzansi nomfula lapho kukhona isikole, umtholampilo nenkulisa.

Sizwile futhi ukuthi abantu abaningi abahlala ngasenhla bebeba nenkinga yokuthi ibhasi igcina ngenzansi esikoleni. Lena ngenye yezinto lo Hulumeni aphume umkhankaso wokuyiqeda nya, ukuthi kubekhona abantu okungathi abanalo bona ilungelo Iokufinyelela kalula futhi baphephile ezindaweni zosizo.

Imali esiyifake kulo msebenzi ingu-R30 mllion. Kodwa njengoba leli bhriji lizophinda lixhumanise umgwaqo u-P296 no-P240, obheke ejele iWaterfall, kunenye imali engu-R25 million yokufaka itiyela emgwaqeni obuwubhuqu ibanga elingu-7 km. Ngitholile futhi ukuthi leli bhriji lifinyeza ibanga ngo-20 km ukuya e-Utrecht nase-Vryheid.

Bangaphezulu kwekhulu abantu bendawo okulindeleke ukuba bathole amathuba emisebenzi ngenkathi kuqhubeka lo msebenzi. Sihlale sinxusa njalo-ke uma silethe le misebenzi ukuthi abaphethe uhlelo lokuqasha abantu bangalinge bafake indaba yobuqembu bepolitiki lapha.

Uma uHulumeni eletha amathuba usuke ewalethela abantu bendawo abawadingayo, hhayi amalungu eqembu elithile. Isikhathi sobandlululo sadlula kudala ngakho-ke akekho umuntu okumele acindezele omunye ngoba engakholelwa kulokho omunye akholelwa kukona. Esikufunayo ngukubona izindawo zasemakhaya zithuthuka ngesivinini manje.

Njengoba noMongameli uMsholozi ehlale egcizelela ukuba sigxile kakhulu ezindaweni zasemakhaya, sizolokhu siyenza le misebenzi noma ngabe akwenzeki ngesikhathi esisodwa. Uma nje silokhu sithola leli thuba enisinika lona ngevoti lenu, noma kanjani sizogcina siphumelele.

Uma sibheka indawo yaseMajuba iyonke nje, kulo nyaka sifake imali ebalelwa ku-R104.58 million emisebenzini yokwakha nokugcina imigwaqo isesimweni esifanelekile, ingxenye eningi yayo eya ezindaweni zasemakhaya. Kulindeleke ukuba kudaleke amathuba emisebenzi abalelwa ku-965 azotholwa ngabantu bendawo ngenkathi kuqhubeka leyo misebenzi.

Ngakolunye uhlangothi futhi sisazoqhubeka nokuqinisa uhlelo lwenu lukaZibambele lapha eMajuba. Namhlanje sesinosonkontileka bakaZibambele abangu-3042 kule ndawo.

Ngaphambi kokuba ngiphethe, ngithanda ukubuyela kancane kulokhu engiqale ngakho: nginxuse ukuba sibambisane ekulweni nobugebengu kule ngxenye yesifundazwe. Uma silungisa imigwaqo siyifaka itiyela, akungabi yithuba lezigebengu ukuthi ziyisebenzisele ukugila kahle imikhuba. Makube yinina enisukumayo nilwe nabazongcolisa igama lendawo yenu.

Njengamanje uMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi usunamathimba esiwatshale ezifundeni zonke abhekele ukusebenza kwazo zonke izinhlaka zokuphepha nokulwa nobugebengu. Sicela nibambisane nawo lamathimba kanye namaphoyisa ethu onke nje ngobuningi bawo ekulweni nobelelesi obunhlobonhlobo – ukweba, ukubulala, ukuhlukumezana emindenini nasemphakathini ngokomzimba nangokomphefumulo.

Okokugcina, njengoba ngike ngasho ukuthi sesibheke esikhathini sikaKhisimusi, abantu abaningi emakhaya baba nemicimbi yemibondo, udwendwe nokunye. Uma nizosebenzisa izimoto ukuya kule micimbi, qinisekisani ukuthi nihamba ngezithuthi ezisemthethweni futhi nabashayeli babe sesimweni esifanele.

Imicimbi yethu yenjabulo mayingaphenduki izinyembezi ngenxa yabantu abangafuni ukulalela. Sithi sekwanele ukushona kwabantu bashiye izintandane.

Ngalawo mazwi ngithi masiqhubeke sikhuthaze ukuhlonipha izimpilo zabantu, singayithathi kancane indaba yezingozi zomgwaqo. Masiphephe KwaZulu-Natal.

**Ngiyabonga**